QAPHELA UBUNGOZI
Izinambuzane, izifo nokhula

Ukhula i-Parthenium
(*Parthenium hysterophorus L. – Asteraceae*)

I-Parthenium (ejwayeleke ngokubizwa nge-Famine) ikleliswe ohlweni lokuqala kukhula oluyingozi eMzansi Africa, lokhu kuyenza ingavumeleki ukuba imile kulelizwe.

I-Parthenium ihlasela izindawo eziphazamisekile njengamadlelo asedleke ngokweqile aze aqothuka, izindawo ezikhahlanyezwe isomiso, unqenqema lwemigwaqo nasezindaweni zokulahla udoti / izibi okwenza lubhebhetheke.

I-Parthenium ikhipha ubuthi ezimpandeni kwimpova nakwisitshalo esibunayo, lobuthi bucindezela ukukhula kwezinye izitshalo.

Photographs ~ Stephen Adkins, University of Queensland, Australia

I-Parthenium iyingozi kanti futhi ayinambithisiseki kahle ezilwaneni ezidla izitshalo. Lolukhula lubulala utshani obudliwa imfuyo luphinde lukhinyabeze impilo yezilwane, lokho okudala ukuphazamiseka komkhiqizo wobisi nenyama. Kunzima ukulisiphula ngoba ludala isifo sesikhumba, esofuba nokunye ukugula noma ukuphazamiseka empilweni.

Ukuthola incazelo eyengeziwe xhumana noMeluleki oseduze nawe.

SOUTH AFRICAN SUGARCANE RESEARCH INSTITUTE
Ucingo: +27(0)60 544 5393
www.sugar.org.za

September 2014

Copyright subsists in this work. No part of this work may be reproduced in any form or by any means without the publisher's written permission. Whilst every effort has been made to ensure that the information published in this work is accurate, SASRI takes no responsibility for any loss or damage suffered by any person as a result of the reliance upon the information contained herein. The use of proprietary names in this publication should not be considered as an endorsement for their use.